



KWAZULU-NATAL PROVINCE

TREASURY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

IHHOVISI LIKA NGQONGQOSHE

Private Bag X454, PIETERMARITZBURG, 3200
2nd Floor North Tower, Natalia Building, 330 Langalibalele Street, Pietermaritzburg, 3200
Tel: 033 846 6983 or E-mail address: nkosikhona.duma@kzntreasury.gov.za

uLwesibili, 10 kuMandulo 2024

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI UVIMBA UKUMOSHWA KWENKECE NGOKUQASHWA KWEZIMOTO

Ungqongqoshe wevezimali esifundazweni I-KwaZulu-Natali uMnu. Francois Rodgers uyaqhube ka nokonga nokuvimba ukumoshwa kwenkece.

Uphenyo olusanda kuphothulwa ungqongqoshe luveze ukuthi imali yesifundazwe iyamosheka ngokuqashwa kwezimoto ezihamba ongqongqoshe.

Isinqumo sokuqashela abaholi beminyango eyishumi nanye kulesi sifundazwe sathathwa ngaphambi kokuthi uhulumeni wehlandla lwasikhombisa aqokwe.

Ezinyangeni ezine, kusukela kuMbasu kuya kuNtulikazi, imali esetshenziselwe ekugashweni kwezimoto ezihamba izikhulu zikhulumeni ibalelwa kuR16.8 million.

Ngonyaka le mali ifika kuR40 million. Ehhovisini lakhe ungqongqoshe uthole ukuthi sekusetshenziswe imali esidlule kuR1 million phakathi kwaNdasa noNtulikazi kuwo lo nyaka.

Ungqongqoshe kanye nethimba lakhe emnyangweni wevezimali kaKwaZulu-Natali baphezu kwezinhlalo zokuthenga izimoto ngemigomo ebekwe umnyango wevezimali kazwelonke. Kulolu hlelo, umnyango ngeke udlule kuR12 million ekuthengeni izimoto zabaholi beminyango kahulumeni. Lokhu kusho ukuthi isifundazwe sizokonga uR27 million ngonyaka.

Ungqongqoshe u-Rodgers ufuno ukucacisa ukuthi uhulumeni wehlandla lwasikhombisa ufuno imali eningi isetshenziswe ekuvuleni kwamathuba omsebenzi, ukukhulisa umnotho, ukulwa nendlala nokungalingani kwabantu kanye nokuhambisa izidingo emiphakathini.

Isitatiende esivela emnyangweni wevezimali KwaZulu-Natali. Odinga ukucaciselwa noma onemibuzo uyanxuswa ukuba athinte umxhumanisi womnyango u-Nkosikhona Duma ku-071 383 0388 noma isikhulu sokuxhumana uMusa Cebisa ku-071 6878 777.